**Who will Cry When U die?** Lena incwadi kaRobin Sharma, isihloko sayo esisitshela ukuthi kumele siphile impilo eyenza umhlaba usikhumbule njalo ngemisebenzi emihle lapho sithe sabamba khona iqhaza. Kule ncwadi kubuzwa umbuzo obalulekile osiholela ekutheni sibheke isizathu sokuba khona kwethu kulo mhlaba. Ngabe siphila impilo enhle yini, impilo egcwele ukuthembeka, impilo eyenza sithuthuke thina uqobo kanye nabanye? Ngabe siyawenza yini umehluko emisebenzini esinikwe yona? Ngabe singabazali abahle yini? Ngabe singabaholi abahle yini? Ngabe siyakukhuthaza yini ukuthuthukiswa komphakathi ngokubanzi noma singogombela kwesabo? Ngabe senza kahle yini ezikhundleni esikuzona ukuze mhla sidlula emhlabeni kube khona okhalayo. Uma ingane izalwa iyakhala okuwuphawu lwempilo. Ngenkathi ingane ikhala wonke umuntu uyajabula ngoba lokho kukhombisa ukuthi iyaphila. Isikhathi kusukela sizalwa kuya esikhathini esidlula ngaso emhlabeni sibaluleke kabi ngoba sisitshela nokuthi ukhona yini oyokhala uma udlula emhlabeni. Ukukhala uma kushone umuntu akuvele kuzenzekele, ukukhala uma kushone umuntu kungenzeka kungabi izinyembezi zokudabuka; kodwa izinyembezi zenjabulo zokuthi ekugcineni umuntu owuhlupho usehambile. Yingakho-ke kubalulekile ukuthi esikhathini esiphakathi kokuzalwa nokufa kumele siphile impilo yokusebenzisa lonke ithalente esinalo. Impilo lapho abantu esibasebenzelayo bezokuthi yebo le ndoda, yebo lo mama uwenzile umehluko ezimpilweni zethu. Wawungekho umgwaqo endaweni yakithi, zazingekho izindlu endaweni yakithi, sasiphila ebuphofini obuyisimanga, izingane zazingakwazi ukuya esikoleni; kodwa ngobuholi bale ndoda, ngobuholi balo mama izimali zikahulumeni azizange zilahleke, izimpilo zethu sezishintshile zaba ngcono. Owesifazane waseNtabamhlophe ongahlobene nawe kumele akhale uma uhamba ngoba wazi indlela osize ngayo umphakathi wakhe. Ingane eMkhanyakude engahlobene nawe kumele ikhale uma uhamba ngoba ibona intuthuko oyilethe ngakubo. Noma kuphi lapho sikhona masisebenze ngokuthembeka kubantu bakithi ukuze ngelinye ilanga bakhale uma sidlula emhlabeni.

Sihlalo, imisebenzi yalo hulumeni kulesikhathi esedlule seyakhe ithemba ngekusasa elingcono kubantu balesifundazwe. Izinto esizibeke eqhulwini kulesifundazwe zicace kahle, ukuthi umsebenzi wethu ngukushintsha izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono. Ukuntenga kwezomnotho esikubonayo sekube nomthelela nakwisabelo mali sethu; kodwa-ke nakuba kunjalo asikwazi ukugudluka emgomweni wethu wokuvikela ababuthaka. Ngaleyo ndlela, asikwazi ukuxegisa emikhankasweni yethu yezokuphepha emgwaqeni no-Operation Kushunquthuli; ngaphandle kokunanaza nje lezi yizinto esizogxila kuzona kakhulu kulesi sabelo mali ngaphansi kwesiqubulo esithi *“Yenza umehluko” (Work for the Difference)*.

Ukusebenzela ukwenza umehluko kusitshela ukuthi siyini isizathu sokuba khona kwethu. Uma abesilisa, abesifazane nezingane eMabomvini, eNgolotshe, eMashonangashoni, eSqandulweni, KwaQwasha bephumela obala bechaza ngoshintsho ezimpilweni zabo – kubuya amazwi obuhlakani ka-Robin Sharma encwadini yakhe, *“Ubani oyokhala uma udlula emhlabeni” (Who will cry when you die)*.

Inselelo ekhona-ke malungu ahloniphekile, ngukuthi njengoba imiphakathi yaKwaZulu-Natal ibheke kakhulu lo Mnyango ngenxa yomlando wawo ekulethweni kwezidingo, abantu abaningi abaqondi kahle ngokwehla kwesabelo mali.

- Emphakathini wakwaNocomboshe eMsinga abantu babheke ukuthi kunohulumeni omusha ozoshintsha izimpilo zabo zibe ngcono nje kwaphela.
- Emphakathini waseNtabamakhaba, eBulwer abantu babheke ukuthi uMnyango wezokuThutha uzofika nangakithi kulo nyaka wezimali.
- Emphakathini wakwaNongoma abantu babheke ukuthi bazokwazi ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo, ezindaweni zokulima, ezinkantolo zamakhosi naseziteshini zamaphoyisa.
- Emphakathini waseNkandla abantu babheke ukuthi baphephe emgwaqeni.
- Emphakathini waseSayidi abantu babheke ukuthi ekugcineni mhlambe kulo nyaka wezimali nomgwaqo wangakithi uzofakwa itiyela.

- Emphakathini waseMzimkhulu abantu babheke ukuthi sesidlulile isikhathi sokuhlehliswa kwemishado nemingcwabo njengoba lona kungunyaka omusha kwabiwa kabusha izimali.

Isabelo mali sika-2009/2010 singu-R5,147,898 billion. Ngokucacile nje, lokhu kusho ukuthi siqala unyaka wezimali lapho kunokwehla kakhulu kwesabelo mali kanti ibivele inganelisi naphambilini. Lokhu kudalwe ukwehliswa kwesabelo mali jikelele ngo-7.5% kanye nenhlawulo yokusebenzisa izimali ngokweqile ngonyaka wezimali odlule kulo Mnyango. Ukusebenzisa izimali ngokweqile kulo Mnyango kudalwe yizinto eziningi kuhlenganisa ukwenyuka kwamanani ezintweni zokwakha okudalwe ngukwenyuka kukawoyela (81.2%), usimende (7.9%) nensimbi (84.1%), okube ngukwenyuka ngisho ongoti bezomnotho emhlabeni abebengeke bakucabange (izibalo zithathwe kwiSouth African Bureau of Economics Research, March 2009). Ukumangalelwa koMnyango, umonakalo odalwe izikhukhula nako kwenze isimo saba sibi kakhulu.

Ngakho-ke kubalulekile ukuthi lo Mnyango uqikelele indlela ohlela ngayo ukuze kutholakale ingqalasizinda edingeka kakhulu kubantu baKwaZulu-Natal. Kubalulekile ukuthi lo Mnyango ubambelele kulokho okungumgomo wawo ngokuqhubeka nokuletha izidingo phezu kokuba kunokwehla kwesabelo mali. Izinto esesizenzile nezinto esizozenza yizona ezizogcina lo mnyango unegama elihlonishwayo.

## **UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA NEZINDAWO ZASEMAKHAYA**

Sihlalo, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kunesabelo sika-R3.58 billion ingakabalwa engase incozulwe ngenxa yokusebenzisa izimali ngokweqile kulo Mnyango ngonyaka wezimali odlule. Lokhu kusho ukuthi umthamo omkhulu wesabelo mali sika-Vote 12 uqondiswe ekuthuthukisweni kwengqalasizinda. Njengezwe elisathuthuka, ingqalasizinda iyona

eyisisekelo sokukhula ibe futhi ilekelela ekulethweni kwezinye izinsiza zomphakathi njengoba kungumsebenzi wethu ukuletha leyo ngqalasizinda edingeka kakhulu.

Ngisanda kubuya engqungqutheleni i-Annual Global Infrastructure Conference yesibili eKuala Lumpur eMalaysia. Kuvelile kule ngqungquthela ukuthi ohulumeni emhlabeni bayehluleka ukubhekana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda. Into ehlabane umxhwele ibe futhi ingehli kahle eqhamuke kule ngqungquthela kube ngukuthi iNingizimu Afrika ikeliswe yaba ngeyesibili emhlabeni ngokuthuthukiswa kwengqalasizinda. Nakuba lokhu kushayelwa ihlombe umbuzo omkhulu ngukuthi imali eningi isetshenziswa kuyiphi ingqalasizinda? Kakhulukazi, yize le mali idala amathuba emisebenzi, kodwa iya emisebenzini yeGautrain, izikhumulo zezindiza nezinkundla zemidlalo.

Yingakho-ke kulesi sabelo mali salo mnyango sigcizelela ku-Operation Kushunquthuli ukuze siqinisekise ukuthi enye imali iya kwengqalasizinda ezindaweni zasemakhaya ezidinga kakhulu intuthuko. Isabelo mali sethu sihlose ukuqinisekisa ukuthi nakuba zingekho izimali ezanele, kodwa ngeke siqamule izimali ngendlela ezoshiya dengwane abantu balesifundazwe.

Malungu ahloniphekile, indaba esematheni kulo hulumeni yintuthuko ezindaweni zasemakhaya. U-Operation Kushunquthuli ugxile ekwakhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo ezindaweni zasemakhaya okuyizindawo ezibhekwe kakhulu ngezidingo kuleli hlandla lalo hulumeni. Inkolelo yethu njengoMnyango wezokuThutha ithi ingqalasizinda yomgwaqo iyona engumgogodla wokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya. Ngalokho-ke kudingeka kugcizelelwe ekusebenzisaneni kwezigaba ezintathu zikahulumeni. Phezu kwalokho, abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya kumele babambisane nohulumeni ekulethweni kwentuthuko yabo, ikakhulukazi ubuholi nezinhlaka zentuthuko njengama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, kuhlenganisa nezendabuko nezinye izinhlaka njengamakhosi, izinduna nabefundisi ukubala nje abambalwa.

Malungu ahloniphekile, njengoMnyango sizokwakha ubudlelwano neminye iminyango njengowoHulumeni baseKhaya, owezoLimo, owezeMfundo,

owezokuThuthukiswa koMphakathi, nowezeMpilo ikakhulukazi ukuze kulethwe intuthuko edidiyele. Kubalulekile ukuthi sazi lapho le minyango ihambisa khona intuthuko ukuze sihlele ndawonye bese silekelela ngengqalasizinda edingeka kakhulu njengemigwaqo namabhuloho. Sinxusa ukuthi kube nokuxoxisana ngaphambi kokuba kwakhiwe izikole, imitholampilo, izinkantolo zamakhosi nezikhungo zomphakathi, phakathi kokunye, uma sizimisele ngentuthuko ehlanganyele esikhuluma ngayo.

Sinxusa ukuthi njengohulumeni sidlule manje ekusebenzeni ngezigungu zongqongqoshe besifundazwe kuphela siye ekusebenzeni ndawonye ezigabeni ezahlukene zokuphatha ukuze esiqonde ukukwenza kungene kugxile ezisebenzini zonke emazingeni aphantsi. Iphuzu lapha ngukuthi ukusebenzisana emazingeni wonke ekuletheni intuthuko ezindaweni zasemakhaya kungalekelela ngoba kusetshenziswa izinsiza zikahulumeni ngesikhathi esisodwa. Ithangi lamanzi elisetshenziswa uMnyango wezokuThutha ekwakhiweni komgwaqo nje, lisangaphinda lisetshenziswe ekucheleleni izivande endaweni njengohlelo lokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.

UMnyango wezokuThutha uyaziqhenya ngokusho kuleNdlu ukuthi imali owabelwe yona kule minyaka edlule ihambe indlela ende ekushintsheni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal. Amanqampunqampu alokho okwenziwe ilawa: Ngonyaka wezimali ka-2008/09 isibonelo, kwakhiwe amazibuko (causeway) angu-35, amabhuloho ezinyawo angu-11 namabhuloho ezimoto angu-12. Kwelinye lamabhuloho ezinyawo (kwaQwasha) elisiza abafundi baseNomzimase High School selenyukile izinga lokuphasa lasuka ku-50% laya ku-80%. Khona lapho futhi isibalo sabafundi esikoleni sesenyuke sakuka ku-170 saya ngaphezulu kuka-250. Othisha nabafundi sebebuyelwe isithunzi bahlukana nokukhumula izingubo njalo uma bewela umfula.

Imisebenzi engaphansi kuka-Operation kuShunquthuli ehlanganisa umgwaqo osuka eNgolotshe uya KwaHlabisa onebhuloho lezimoto emfuleni iMona, umgwaqo oya eTugela Ferry, eQhudeni esigodini saseShiyanyawo oya eMgungundlovu, uD 1273 oxhumanisa indawo yaKwaNocomboshe no-P

549 oxhumanisa iGreytown neMatimatolo, ibinesabelo sika-R79.0 million kodwa kwagcina kusebenze u-R181.0 million. Imigwaqo efakwe itiyela ingu-55.5 km isiyonke. Lokhu okungenhla sekube nomthelela emabangeni okumele ahanjwe kanje:

- Ukwehla kwebanga lokusuka eShiyanyawo uya eTugela Ferry ngo-140 km
- Ukwehla kwebanga lokusuka eNgolotshe uya KwaHlabisa ngo-86 km
- Ukwehla kwebanga lokusuka eShiyanyawo uya eMgungundlovu ngo-150 km

UMnyango uzoqhubeka nokwakha imigwaqo ebaluleke kuzwelonke esithi i-Roads of National Importance, i-African Renaissance Road Upgrading Programme nemigwaqo yasemakhaya esithi i-Roads for Rural Development kuhlanganisa nentuthuko eMzimkhulu.

## **UKUPHEPHA EMGWAQENI**

Ukuphepha emgwaqeni kungenye yezinto uMnyango wezokuThutha ozogcizelela kakhulu kuzona. Izizathu zalokhu zihlukene kabili, umthelela omubi owenziwa izingozi nokufa kwabantu emigwaqeni yethu kanye nezimo esizibona mihla namalanga uma sihambele imindeni ethinteki ezingozini zomgwaqo. Ikhwela esifuna ukulihlaba lapha ngukuthi abantu kumele bakufake ngaphakathi ezinhliziyweni zabo ukuphepha emgwaqeni njengengxenye yempilo yabo. Abantu kumele baqale manje baqonde ukuthi uhulumeni akaqondile ukubabangela isicefe kodwa usiza bona. Lokhu sikholwa ngukuthi singakwenza ngokufundisana. Njengoba uGoebels uNgqongqoshe wemfundisoze ka-Hitler washo wathi: “Uma uphindaphinda okushoyo abantu bagcina sebekholwa yiko”.

Ngalokhu-ke, uMnyango uzoqinisa umkhankaso wokufundisa izingane zesikole ukushayela. Lolu hlelo lulungiselela abafundi basezikoleni eziphakeme emiphakathini eyayincishwe amathuba ukuthi bathole izincwadi zokushayela. Injongo yalolu hlelo ngukwakha amathuba kubafundi ukuba baqeqeshwe ngokohlelo luka-K53. Phezu kwalokho, lwenzelwa ukucija



abafundi ukuze bathole ikhono elidingekayo ezindaweni zokusebenza. Kulo nyaka wezimali abafundi abangu-335 bazothola ithuba lokuqeqeshwa. Umnyango uzoqhubeka nezinye futhi izinhlelo zokufundisa esezikhombise ukuba nempumelelo kule minyaka edlule.

Sihlalo, ikhwela esilihlabayo ngelokuthi uhulumeni athathe ezokuphepha emgwaqeni azibeke ezingeni le-HIV/AIDS, ezingeni le-TB, muva nje ezingeni le-*swine flu* ukuze wonke umuntu akhulume ngako. Izingozi zomgwaqo nokufa kwabantu kunomthelela omkhulu kwinhlalo-mnotho emindenini nasezweni ikakhulukazi. Isibonelo nje, njengoba imizi ephethwe izingane idaleka nge-HIV/AIDS iyadaleka futhi ngokufa kwabantu emgwaqeni abasuke bondla imindenini yabo. Lokhu kuphenduka kube ngumthwalo woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi neSouth African Social Security Agency ngaphansi kobuholi buka Dkt Meshack Radebe abahlale benathi uma sihambela le mindeni. Sincoma futhi ozakwethu kwezeMpilo abahlale benathi uma kwehle izinhlekelele.

Inkinga ekhona ngukuthi abantu abafa emigwaqeni ngabantu abasanda kuthola iziqu mhlambe zobudokotela, ubumeli, ubunjiniyela nokunye abasanda kuthenga izimoto. Abantu abafa emigwaqeni ngabantu abaphila kahle abahola imali abondla ngayo imindenini. Abantu abafa emigwaqeni ngabantu abaneqhaza emnothweni abasuke besendleleni beyosebenzela ukondla imindenini yabo. Abantu abafa emigwaqeni yethu yintsha yakithi, ikusasa lethu, esuke iya esikoleni ukuze iqinisekise ukuthi ikusasa labo liba ngcono kunenamuhla, inamuhla labo liba ngcono kunayizolo.

Uhulumeni wethu akakaze ahlehlele emuva ekubhekaneni nezimo zobhubhane emiphakathini yethu njenge-AIDS ne-TB. Asikaze sihlehlele emuva ekubhekaneni nomalaleveva nezinye izifo. Ngakho-ke akumele sihlehlele ekubhekaneni nesimo sezokuphepha emgwaqeni. Inkinga ngukuthi abantu abangenacala bahlangabezana nokufa ngaphandle kokuzilungiselela. Abasele ngemuva akukho okubalungiselela ngokomqondo nangokwezimali ukubhekana nobunzima obudalwa ngokungahlonishwa kwemithetho yomgwaqo.

Malungu ahloniphekile, kunzima ukusho ukuthi zidla malini izingozi, kodwa umbiko we-World Health Organisation (2008) uthi izingozi ezwenikazi lase-Afrika zidla ngaphezulu kwemali yosizo enikelwa ngamazwe angaphandle iza emazweni ase-Afrika. Lokhu kusho ukuthi njengezwekazi sisami ndawonye, uma kungekona ukuthi sihlehlela emuva ngoba ngesikhathi esisodwa sibhekene nezindleko zokuphila, ezezempilo nokuntuleka kwemisebenzi ngezinga elifanayo nelokunikelwa kosizo lwentuthuko oluvela ngaphandle.

Ubunzima besimo esidalwa izingozi zomgwaqo bubonakala kahle kulesi simo. Bheka nje, ingozi yebhasi eKokstad lapho ibhasi lilayishe ligcwele, kushona abantu abangu-12 kulimale abangu-30 bese kuholela ekugcwaleni kwemibhede yonke yase-ICU enesabelo mali sayo esibekwe iKokstad Provincial Hospital ngonyaka. Kwenzeka okufanayo nakwezinye izibhedlela ezincane nezinkulu kuyo yonke iKwaZulu-Natal.

Yingakho-ke sinxusa wonke umuntu ukuba asebenzisane nathi kwezokuphepha emgwaqeni. Sinxusa abamabandla ezenkolo bonke ukuba babe ingxenye yokuphepha emigwaqeni yethu. Kumele njengoMnyango sishumayele ivangeli lokuphepha emabandleni wonke. Omama kumele bakhulume namadodakazi namadodana abo ngokuphepha emgwaqeni ngoba bona abayi ezinkonzweni. Sithi ezokuphepha emgwaqeni mazibe yingxenye ye-curriculum. Kulokhu uMnyango wezeMfundo kumele ungenelele ngohlelo lwezifundo zokuziphatha. Kumele sikwenze kube ngumgomo ukusebenza namathaveni. Phela njengoba bedayisa utshwala kumele bakubhekelele ukuphepha kwamakhasimende abo. Ngaleyso ndlela sinxusa abanikazi bamathaveni ukuthi balekelele noma ngayiphi indlela. Banganikela mahhala ngeziphuzo ezingadaki kubashayeli abangaphuzi utshwala. Uma abanikazi bamathaveni namashibhi sebenentshisekelo ngokuphepha emgwaqeni bangathola nama-breatherlizer ukuze bahlole amakhasimende ngaphambi kokuthi ahambe bese uma kunesidingo kuhlelwe enye into yokuhamba. Sidinga ukushintsha indlela abantu abacabanga ngayo ukuze babone lo Mnyango nalo hulumeni njengobambisene nabo kwezokuphepha emgwaqeni.

Sihlaba ikhwela emindenini elahlekelwe ngabathandiweyo babo ukuthi baphumele obala bakhulume. Lo Mnyango nalo hulumeni uzobanika

inkundlayokuthibakhulume. Kungabasemsakazweni, noma emihlanganweni yomphakathi lapho bezosiqwashisa ngobunzima ababhekene nabo ngemuva kokushona kwelungu lomndeni.

Ngenkathi kuqhubeka ukufundisana Sihlalo, ezokugcinwa komthetho zizothatha indawo lapho ukufundisa kuhluleka khona. Kulo nyaka wezimali uMnyango uzosabalalisa uhlelo lobuchwepheshe oluqinisekisa ukuthi izimoto emigwaqeni yaKwaZulu-Natal zisesimweni. Kulokhu sizosebenzisa umshini othathelwe eLondon nase-Australia ohlola izimoto. Kuyintokozo futhi malungu ahloniphekile ukusho ukuthi sesinemoto ehamba namakamera esithi iNumber Plate Recognition Vehicle epake khona lapha ngaphandle kweSishayamthetho. Le moto ikwazi ukuthatha i-number plate yanoma iyiphi imoto bese iveza amacala enawo.

Okunye futhi ngokubhekelela ukuphepha emigwaqeni yethu, ngonyaka wezimali ka-2009/2010, uphiko lwe-Technical Compliance kwa-Motor Transport Services luzoqinisa uhlelo lokuqaphela izikhungo zokuhlola izimoto, abadayisi bezimoto, imboni yezimayini, imboni yokuthutha impahla, imboni yamahlathi nokunye, ngaleyo ndlela kuzoqedwa ukukhwabanisa kwehliswe nokulimala kwemigwaqo yesifundazwe kunqandeke nezimoto ezingekho esimweni emigwaqeni yomphakathi. Konke lokhu kuyimizamo yokunqanda izingozi nokufa kwabantu emigwaqeni yethu.

Malungu ahloniphekile, ngo-1974 isifundazwe saKwaZulu-Natal sasinamaphoyisa omgwaqo angu-107. Ngokuqondana kwezinto, iklasi lika-2009 eliphothule izifundo mhlaka 14 July 2009 belinabafundi abangu-107 ngesikhathi esisodwa okwenza isibalo sawo sibe ngu-1025 esifundazweni. Lokhu kukhombisa ukukhula nokuzimisela uMnyango onako ngezinto ezithinta ukuphepha emigwaqeni. Nokumeleleka kwabesifazane kwa-RTI kungenye yezindlela zokukhula.

Kwa-Road Traffic Inspectorate, inhloso yethu kungukusindisa izimpilo njengoba konke esikwenzayo kuhlose ukwenza imigwaqo iphephe, ukunqanda izingozi, ukubhekana nezinto eziphazamisayo nokunqanda

ubugebengu emgwaqeni. Nokho, izindleko ezidalwa izingozi ziyethusa. Jikelele, izingozi ezibandakanya amaloli athwala uketshezi oluyingozi noma ukuchitheka kwemithwalo okuholela ekuvalweni kwemigwaqo emikhulu isikhathi eside (12 hrs) kungadla imali engaphezulu kuka-R1 million ngosuku ngempahla elahlekile kanye nezindleko zokuhlaza indawo engcolile. Ngokujwayelekile ukuhlaza emgwaqeni lapho kuchutheke ikhemikhali eyingozi njenge-hydro carbon kungabiza phakathi kuka-R500 000 no-R1.5 million kuye ngokuthi kuchitheke into engakanani. Zibalelwa eshumini ngonyaka izehlakalo ezinkulu ezithinta ukuchitheka kwemithwalo eyingozi KwaZulu-Natal.

Sibone kukuhle ukuthi sivezele leNdlu ehloniphekile izibalo zezindleko njengomnikelo weRTI KwaZulu-Natal ekubhekaneni nezimo ezingenhla ukuze sibone kahle isidingo sokuthatha ezokuphepha emgwaqeni zibe sezingeni eliphezulu.

➤ Izindleko zabasebenzi	5 900 000.00
➤ Izindleko zokucwaninga	145 000.00
➤ Ezokuxhumana nge-Cell ne-Radio	150 000.00
➤ Izithombe nokucupha ijubane	2 000 000.00
➤ Ukuphuthuma ezinhlekeleleni ezinkulu	425 000.00
➤ Ukugcinwa kwemishini isesimweni	30 000.00
➤ Ukwelulekwa kwezomthetho	20 000.00
➤ Izimo eziphuthumayo nemishini yokuxhumana	93 500.00
➤ Umfaniswano nezimpahla zokuzivikela	310 000.00
➤ Ukuqeqesha nokuthuthukisa abasebenzi	73 000.00
➤ Izindleko zokusebenza kwePTEU	46 924 000.00

**IZINDLEKO ZONKE**

**R56 070 500.00million**

Phezu kwalezi zindleko zokusebenza kwe-RTI/PTEU, kukhona ezinye ezidaleka ngemisebenzi yezinkampani ezizimele njengokudonswa kwezimoto, ama-mobile crane nemisebenzi yokuhlaza njenge-DRIZIT, izindlekozama-ambulensiazimele, izindlekozezibhedlelaezizimele, izindleko zokukhokhelwa kwezimpesheni, imibhede ezibhedlela zikahulumeni

kuhlanganisa nabasebenzi, nokukhokhwa kwemali yezinxephezelo ze-Road Accident Fund kubagibeli nabahamba ngezinyawo ikakhulukazi.

Yingakho-kenjengomnyangosinxusaukuthikubenokubuyekezwakwamacala asemgwaqeni ukuze abe ngawobugebengu kunokuba ngukwephula nje umthetho womgwaqo kwezinye izimo njengoba kwenzeka e-Australia. Lokhu kuhlanganisa ukushayela uphuzile, ukulayisha ngokweqile, nokushayela imoto engekho esimweni ikakhulukazi. Umnyango ukholwa ngukuthi osebenzisa umgwaqo usuke enenhloso yokwephula umthetho uma nje eqala engena emgwaqeni ekulezi zimo. Isibonelo nje, umshayeli ozithola edakiwe bese engena emotweni phezu kokuba engasakwazi ngisho ukwenzani bese lokho kuholela ekufeni komunye umuntu ongenacala kumele athathwe njengesigebengu. Ayikho into eyingozi uma udakwe ngenhloso waqhubeka washayela wase ubulala abantu abangenacala. Lokho kungamabomu nje okumele kuthathwe njenganoma yikuphi ukubulala ngenhloso umuntu ongenacala. Umuntu obulele emgwaqeni kumele abhekane nomphumela wokubulala ngokuthi kube icala lokubulala hhayi lokhu kokuthi ukubulala ngokungenhloso.

## **UKUDIDIYELWA KWEZITHUTHI ZOMPHAKATHI**

Malungu ahloniphekile, ukusebenza kwethu kwezokuthuthwa komphakathi kumele kuqede indlela yokuhamba kwabantu engenako ukuxhumana. Njengesifundazwe noMnyango siyavumelana ukuthi kumele kube nendlela engcono yokuhamba noma ngabe uhlelo lwe Bus-Rapid Transit noma i-Rail Rapid Transit. Ukwanda kwezindawo zokuhlala kuyasiphoqa ukuthi sibheke izindlela eziphusile zokuhambisa abantu ngendlela ehlukile kunokuhlela kwangesikhathi sobandlulo. Akuyona into enhle ukuthi abantu abangaphandle ezinhlelweni zokuthutha ezikhona balokhu behlinzekwa ngezinhlelo zokulethelwa ngisho noma izibalo zikhomba ukuthi nabo bangumphakathi ozimele ngokwabo. Inkinga ngohlelo olungavulelekile ngukuthi ludala izindleko ezinkulu zokuthutha ikakhulukazi emiphakathini eyayincishwe amathuba phambilini. Njengohulumeni kufanele sivikele ababuthaka. Singuhulumeni sidinga ukuthi sicabange sisabalale. Kufanele

sihlele kabusha ngaphandle kokuzivalela ohlelweni olucwasayo. Lokhu ngaphandle kokungabaza kuhambisana nemali eningi kodwa kuyinto okumele yenzeke.

UMnyango futhi usebenzisana nomasipala mayelana nokwakhiwa kohlelo lwe-Rapid Public Transport Networks. Umsebenzi ozolandela kulolu hlelo kuzokuba Ulundi Integrated Public Transport Facility ngemali engu-R31 million.

Sihlalo, kuyangijabulisa ukumemezela ukuthi lo Mnyango ngokubambisana ne-PRASA usuhambe ibanga elide ekubhekeni izindlela zokufaka isitimela esizohambela phakathi koMgungundlovu neTheku. Lesitimela sizosiza abagibeli abahamba phakathi kwala madolobha amabili nsuku zonke. Izingxoxo esinazo nabakwa PRASA zihlanganisa ukuphepha ezindaweni zokupaka abagibeli kuhlangukisa nokuphepha ebusuku. Usuku olubekelwe ukwethula ngokusemthethweni isitimela beluzokuba ngoDisemba, kodwa ngenxa yokuthi uDisemba yinyanga yamaholide lapho abasebenzi abaningi basuke besemalivini, lolu suku kusaboniswa ngalo.

Sekubunjwe ithimba lesifundazwe elakhiwe ngabaqhamuka eMnyangweni, Ethekwini nakwi-Passenger Rail Agency of South Africa (PRASA) ukuqinisekisa ukudidiyelwa kwezinhlelo zonke zokuthuthwa komphakathi ngaphansi kwe-metro nokuthi liphuthumise ukwenziwa kwalezo zinhlelo. Lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi kuba nokuhlela okudidiyele okwesekwa yizo zonke izinhlelo ezithintekayo.

## **AMAKHONO**

Elinye lamaphuzu ayishumi aseqhulwini kuzwelonke esisebenzela phezu kwawo singuMnyango ngokusimamisa amakhono nabasebenzi. Okubalulekile kulo mkhakha ngokuthi uhulumeni akhe uhlelo oluqinile lokugcina abasebenzi abanamakhono. Njengohulumeni sizokwenza ngokusemandleni ukuthi singalahlekelwa ngamakhono esiwadingayo eMnyangweni. Sizokhubeka futhi, ngokohlelo lokuthuthukisa abasebenzi bethu, siqeqeshe ngendlela efanele bonke abasebenzi eMnyangweni ukuze

senze ngcono ukulethwa kwezidingo. Siziqhubeka nokunikeza intsha imifundaze ukuze ingene emkhakheni wezokuthutha, ngaleyo ndlela silwe nokushoda kwamakhono ikakhulukazi kwiMechanical Engineering, Civic Engineering, Transport Economics neTransport Management sikwenza ngokubhekela ukulingana ngokobulili nezibalo zabantu ngokwezindawo abahlala kuzona ezweni. Sifuna ukwandisa isibalo sabesifazane abangonjiniyela, sifuna ukwandisa isibalo sonjiniyela abamnyama futhi sifuna kube nonjiniyela abaphuma ezindaweni zasemakhaya.

UMnyango uzoqhubeka nokukhipha imifundaze kubasebenzi boMnyango nalabo abangasebenzi emkhakheni we-Human Resource Management ne-Financial Management. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi abantu bathola amakhono adingekayo ezindaweni zokusebenza. Malungu ahloniphekile siziqhubeka nokulekelela ngolwazi labo abaneziqo kodwa abangakasebenzi ukuze bathole amakhono adingekayo. Siziqhubeka nohlelo lwemfundo yabadala i-ABET ukuqinisekisa ukuthi imfundo ayikhulelwa ngalokho siphucule izimpilo zabasebenzi ngokwenhlalo nangokomnotho. Siziqhubeka nokusabalalisa lawo makhono antulekayo.

Kulokhu, ngiyajabula malungu ahloniphekile ukusho ukuthi ngokubambisana ne-PRASA, sibheke ukwenza isivumelwano sokusebenzisana iMemorandum of Agreement ukuze sabelane ngemisebenzi yochwepheshe bonjiniyela. Lokhu kusho ukwanda kwamathuba okusiza abafundi ngolwazi kuhlenganisa ukwabelana ngolwazi kwezobunjiniyela ikakhulukazi uma kunamaphrojekthi amakhulu.

Mayelana nokuqeqeshwa kwabashayeli siyazi ukuthi leli yikhono elibalulekile kuwonawonke umuntu ukuthi abenalo. Ukutholalalal kwalelikhonongendlela efanele kuqinisekisa ukuthi sinabashayeli emigwaqeni yethu abagcina umthetho. Yikhono eliqinisekisa ukuphepha kwabasebenzisa umgwaqo. Yikhono eliqinisekisa ukuthi abantu bayaqasheka phakathi kokunye. Sikubona kubalulekile ukuthi kuhlale kwenziwa izindlela zokwenza ngcono lo msebenzi ukuze sihlale sihamba phambili. Siyakuqaphela njengoMnyango ukuthi ukuqeqeshwa kwabashayeli kwenziwa ngezikhathi zasemini kodwa

uma sekubuyelwa emaqinisweni abantu abaningi bashayela izimoto ngisho nasebusuku. Siyakuqaphela futhi ukuthi abashayeli abahlololwa izincwadi eziwu-Code 10 kuya phezulu bahlolwa ngezimoto ezingalayishile kodwa emsebenzini bashayela izimoto ezilayishile. Sisazolokhu sibheka ukuthi yimaphi amaqhinga esingawasebenzisa ukubhekana ngqo nalezi zinselelo.

Siyakuqaphela singuMnyango ukuthi indlela abashayeli abaziphatha ngayo emgwaqeni phakathi kwezinye izinto yikhona okuholela ezingozini nokufa kwabantu emigwaqeni yethu. UMnyango kusafanele ubhekane ngqo nendlela ezokwenza abashayeli baqonde ukuthi izincwadi zokushayela azilona ilungelo kodwa ziyigunya. UMnyango ufuna ukugcizelela ukuthi ilayisensi ngeyomshayeli uma nje esaziphethe kahle emgwaqeni. Sifuna ukuthi imiphakathi esiyisebenzelayo isithathe njengabantu abasebenzisana nayo kwezokuphepha emgwaqeni kunokuthi basithathe ngokuthi sibabangela isicefe ngokuhlale sibagadile. Sibona ukuthi yiyona ndlela le engabuyisa ukuhloniphana emigwaqeni.

## **UKUSUNGULWA KWEMISEBENZI**

Sithunywe uhulumeni ukuthi sisungule amathuba emisebenzi enesithunzi, sithuthukise abantu ngenkathi senza imisebenzi esabelwe yona njengeminyango futhi sibe siqinisekisa ukuthi kunezinhlelo zokulwa nobubha ezihambisana ne-Expanded Public Works Programme. UMnyango wezokuThutha unezinhlelo zokweseka lokhu. Izinhlelo zoMnyango uVukuzakhe, uZibambele noSiyazenzela zisiza kakhulu ekufezeni lokhu. Siyajabula ukuthi uhulumeni kazwelonke usenqume ukusabalalisa lezi zinhlelo izwe lonke.

Uhlelo lukaVukuzakhe luhlomulisa osonkontileka abasafufusa abaningana. Ngonyaka wezimali odlule uMnyango unikeze ngemisebenzi engu-928 kosonkontileka abasafufusa okuyimisebenzi engaphezulu kuka-R492 million. Ukweseka ukuthuthuka okuqhubekayo, siyakuqaphela ukuthi kumele kube nezindlela zokuphuma manje kuVukuzakhe. Lokhu kuzoqinisekisa ukungena kosonkontileka abasha bese kuthi labo asebekhulile bakhonjiswe izindlela zokuncintisana kweminye imisebenzi yangaphandle.



Uhlelo lukaZibambele seluyindaba emnandi exoxwayo. Njengamanje sesifike esibalweni esasizibekele sona sika-40 000 nemali engu-R225,6000 00 ekhishwa ngemiholo yosonkontileka bakaZibambele. Usonkontileka ngamunye kumanje uthola u-R470. Labo mama abakulolu hlelo abahola imali engatheni sebelondoloze imali engu-R12 million. UMnyango usabheka ezinye izindlela ongasebenzisana ngazo noZibambele ukusebenzisa imali abayilondolozile ukuthi ibabeke kwelinye izinga. Enye yezindlela ngeyokuthenga ngokuhlanganyela koZibambele okungase kwethulwe ngokusemthethweni ngo-August 2009. Lolu hlelo luzoqale luhlolwe ukuthi luyasebenza yini esifundeni saseMpangeni kulabo masipala bezifunda abalandelayo; uMkhanyakude, iZululand nas'Othungulu.

Njengamanje sithola izindaba ezithokozisayo ngempumelelo yemifelandawonye kaZibambele. Izimbali Zasehlobo eMaqongqo, ukwenza isibonelo nje, benza amavesti okuphepha abasebenzi basemgwaqeni. Lena ngenye yezindlela zokwandisa imali abayithola kulolu hlelo. Indlela yengqubekela-phambili kulokhu iyahluka. Uhlelo lwamakhowe kwaDindi nalo seluthole ukwesekwa okukhulu. Amathuba okuphumelela kwalolu hlelo mahle kakhulu, ikakhulukazi ngokwesekwa uhulumeni. Kulokhu, uMnyango uzosebenzisana noMnyango wezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kweZindawo sazemaKhaya kuhlanganisa nowokuThuthukiswa koMnotho ukuze luthuthukiswe lolu hlelo.

Uhlelo lukaSiyazenzela luya ngokuya luba intandokazi komasipala. Ngendlela efanayo noZibambele, uMnyango ubheka izindlela ezintsha zokusabalalisa izimali ukuze kwakheke amathuba emisebenzi enesithunzi ngoSiyazenzela kuphinde kuliwe nobubha. Eminye yemisebenzi ehlongozwayo kungaba ukuhlanzwa kwamabhilidi kahulumeni kanye nokugezwa kwezimoto zikahulumeni. Okunye futhi, ngokusebenzisana okuhle nomasipala asebenalolu hlelo, sihlela ukuqalisa ngohlelo lokugaya udoti khona kuSiyazenzela ukuze kulekelelwe imifelandawonye yezolimo kaZibambele ngokuthi imfucuzwa yenziwe umquba. Ngalokhu, sizobe siletha umqondo webhizinisi elingenza labo mama bakwazi ukukhokha imali yesikole bakhokhele nezinye izidingongqangi.

Kuphinde kujabulise futhi ukubona izinkampani zikahulumeni kanye nezinkampani ezizimele zibambisana nomnyango ngenhloso yokwakha amathuba emisebenzi ngokulandela imigomo ye-EPWP. Njengenkampani i-PRASA, ibheka ukuthatha abesifazane abazogeza izimoto zakhona. I-Tongaat Hulett izibophezele ekusebenziseni abesifazane baZibambele ukubahlanzela amahhovisi abo. Le nkampani izimisele ngokuphinda isebenzise izinkontileka zikaVukuzakhe emisebenzini yokwakha. Ngempela Sihlalo namalungu ahloniphekile, Ngokubambisana singenza okuningi!

## **ABANTU KUQALA**

Ukusetshenziswa kwezinkampani ezizimele nezitholela abantu imisebenzi kuyichilo nje elidinga ukuchithwa emnyangweni, ikakhulukazi ngoba siyakwazisa ukubaluleka kwabantu bakithi futhi sizibophezele ekuthuthukeni kwabo hhayi ekuxhashazweni. Kuyicala ukuthi imenenja isebenzise inkampani ezimele ukuqasha abasebenzi engabe kuqashwa umuntu ngokwezimiso zikahulumeni. Uma sebeqashiwe, kumele kulandelwe izindlela ezifanele zokubathuthukisa ngaphakathi emnyangweni. Ukubacija ngamakhono kumele kube yingxenye yomsebenzi wethu.

Siphokophele ekuqhubekeni nokuthuthukisa abasebenzi bethu ukuze sikwazi ukufeza imigomo kalo hulumeni wentuthuko. Izinhlelo zokubhekelela ezempilo kubasebenzi balo mnyango uma siziqhathanisa neminye iminyango zisangathuthukiswa ukuze zisize kangcono abantu bakithi.

Malungu ahloniphekile, sikushayela ihlombe ukuthathelwa phezulu kwezindaba eziphathelene nabesifazane kanye nentsha kulo hulumeni. Izindaba eziphathelene nabesifazane kanye nentsha kumele zithole ikhaya kulo mnyango singakhohlwa nangabantu abakhubazekile.

Lokhu siyakholwa, njengamazwi kaNdunankulu uDkt Z.L. Mkhize ngenkathi ethula inkulumo yesifundazwe mhlaka 18 June 2009, kuzosiza uMnyango, “ukuhlanganyela nohulumeni endleleni yokwakha izwe elinokulingana nempumelelo”.

Sekube nokukhula kwesibalo sabesifazane abaqashwe kulo mnyango. Abesifazane bangu 36.86% kubasebenzi bebonke. Ukwenyuka kwesibalo

okugqame kakhulu kwabesifazane abamnyama okukhule ngo-13% sisuka ku-13.9% (April 2006) kwaya ku-26.9% (May 2009).

Imininingwane yabasebenzi balo Mnyango iveza ukuthi esigabeni se-SMS u-51.6% wezikhala zemisebenzi ugcwaliswe ngabesifazane bese kuthi abantu abanokukhubazeka babe u-0.58%. UMnyango ugxile emizamweni yawo yokugcwalisa izikhala zemisebenzi ngabantu besifazane abamnyama kanye nabantu abanokukhubazeka ngokwezibalo ezibekiwe.

## **UKULWA NENKOHHLAKALO NOKUKHWABANISA**

Umgomo wethu siwulo hulumeni, siwulo mnyango ngokuthi kuzomele sigxile kakhulu ekulweni nenkohlakalo nokukhwabanisa. Lobu ubugebengu obenziwa ngabantu abafundile ikakhulukazi, abasezikhundleni eziphezulu ezibanika amandla. Yingakho-ke sithi bonke abasebenzi bomnyango abatholakala bethinteka enkohlakalweni nokukhwabanisa bazojeziswa ngendlela efanele.

Uphiko lakwa-Motor Transport Services, ukwenza isibonelo, luzoqhubeka luqinisekise ukuthi bonke abahloli bezimoto abakhohlakele babhekana nomthetho. Kuyangithokozisa malungu ahloniphekile ukusho ukuthi uphiko lakwa-Motor Transport Services selisize kakhulu ekusuleni amagama abahloli bezimoto abangu 9 kanye nesikhungo sokuhlola esizimele esisodwa ngonyaka wezimali ka-2008/2009.

Impumelelo eqhubekayo emkhankasweni wokulwa nokukhwabanisa nenkohlakalo emigwaqeni yaKwaZulu-Natal ingabonakala phakathi kokunye ngokuthi iKwaZulu-Natal yisona kuphela isifundazwe esesinesizinda esisodwa esilawula yonke imininingwane ebucayi ye-eNaTIS. Imininingwane iqala ngokuphenywa yamukelwe esizindeni esisodwa ngaphambi kokuba ivunyelwe ukusetshenziswa ezikhungweni zokubhalisa ezingu-77 esifundazweni. Ngokuphaziswa komthetho omusha wezemigwaqo, imisebenzi eminingi ebiyenziwa esikhungweni sokubhalisa ngasinye phambilini, manje seyenziwa endaweni eyodwa iKZN Vehicle Registration

and Licencing Help Desk, ngenxa yemibiko eminingi yokukhwabanisa nokusetshenziswa kwezimali budlabha kula mahhovisi.

## **2010**

Amalungu ayazi ukuthi izidingo zika-2010 zithinta kakhulu amadolobha azosingatha imidlalo okwenza isifundazwe sithinteki kancane ku-2010. NjengoMnyango wezokuThutha sisebenzela ukwakha ingqalasizinda edingekayo yemigwaqo nambhuloho okuzosiza ekufinyeleleni ezinkundleni zika-2010 nezinye izakhiwo. Sikhulumanje uyaqhubeka umsebenzi wokwakha imigwaqo ezindaweni umphakathi ozobukela kuzona kanye nomgwaqo oya esikhumulweni sezindiza eLa Mercy. Ukuze siqinisekise ukuthi akukho ukukhombana ngomunwe phakathi kwezindawo zasemakhaya ezisasilele emuva ngentuthuko namadolobha azosingatha imidlalo ngemuva kuka-2010, uMnyango ufaka umthamo omkhulu wengqalasizinda ezindaweni zasemakhaya ngomkhankaso ka-Operation Kushunquthuli.

## **ISIPHETHO**

Kuyiqiniso ukuthi kunokushoda kwezimali Sihlalo kodwa sizimisele ukuqhubeka nokuhambisa izidingo kubantu bakithi. Abantu baKwaZulu-Natal basithumile ukuthi siqhube intuthuko njengoba sisemuva ngo-5000 km wemigwaqo edinga ukwakhiwa, amabhuloho ezinyawo angu-474 asadinga ukwakhelwa izingane zesikole eziwela imifula egcwele izingwenya. Abantu baKwaZulu-Natal basithumile ukuthi siphuthumise izidingo kubantu njengoba kunezingane zesikole ezisuka emakhaya ngehora lesine KwaNongoma, isibonelo, ukuze zikwazi ukuba sesikoleni ngo 8 ekuseni. Abantu baKwaZulu-Natal basithumile ukuthi siphuthumise izidingo kubantu egameni lemindeni ehlehlisa imishado nemingcwabo ngenxa yokugcwala kwemifula. Emagameni akhe uFrantz Fanon, ungoti kwezepolitiki, encwadini yakhe, *The wretched of the Earth*, uthi “ukubakhona komgoqo kusho ukuthi kunenhloso yokuya phambili”. Siyazibophezela ekuvikeleni ababuthaka! Sizibophezela “ Ukusebenzela ukwenza umehluko”.

Sihlalo namalungu ahloniphekile, kulesigaba ngithanda ukubonga ngokuzithoba iKomiti lezokuThutha ngokuhlale leseka umnyango njalo,

isikhulu sephezulu se-PRASA nethimba laso, ubuholi bemboni yamatekisi ngokusebenzisana okuhle, iNhloko yoMnyango uMnuz BC Hlabisa nethimba lonke lomndeni wezokuthutha, uphiko lwezokuXhumana neHhovisi likaNgqongqoshe ngokuzibophezela ngokungaphezi ukusebenzela ukwenza umehluko esifundazweni saKwaZulu-Natal. Emiphakathini yaKwaZulu-Natal, ikakhulukazi omama bakaZibambeke, izingane zesikole ezihamba amabanga amade ziya esikoleni ziwela nemifula edla izindanwe, amakhosi, omasipala asebeqalise uhlelo lukaSiyazenzela, **NGINETHULELA ISIQGOKO!**

Ngivumeleni ukuba ngethule ngokusemthethweni u-vote 12: Inkulumo yesabelo-mali soMnyango wezokuThutha sika-R5,147, 898 billion ngonyaka wezimali ka-2009/2010 esizokwabiwa kanje:

<b>Ezokuphatha</b>	<b>R260, 671 million</b>
<b>Ingqalasizinda yomgwaqo</b>	<b>R3, 583, 433 billion</b>
<b>Ukuthutha</b>	<b>R745, 463 million</b>
<b>Ezokulawula emgwaqeni</b>	<b>R457, 516 million</b>
<b>Imisebenzi yomphakathi</b>	<b>R82, 815 million</b>

***Ngiyabonga!***

**Notes**

***B  
U  
D  
G  
E  
T***

***S  
P  
E  
E  
C  
H***

***2  
0  
0  
9  
-  
2  
0  
1  
0***

**Notes**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

**Notes**

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

**B  
U  
D  
G  
E  
T**

**S  
P  
E  
E  
C  
H**

**2  
0  
0  
9  
-  
2  
0  
1  
0**